

IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA

ZABALIMI



April -
July
2025



Reimagining the Agricultural Sector in South Africa

April RV price: R7714,58 (an increase of R48,95 per ton when compared with the previous season (2024/25 final RV price) "d" factor 0,496115



PAGE
3 - 4

“
I-SAFDA Izogubha Iminyaka
Eyishumi Yasungulwa: Ishumi
Leminyaka Lokuhlonyiswa
Nokuthuthukiswa Kwabalimi

“
Ungqongqoshe wezolimo kanye
nemeko yemboni kashukela
ivula mboni indlela eya phambili
kwabalimi abasathuthuka

PAGE
5 - 8



PAGE
8 -9

“
UNgqongqoshe uMzwanele
Nyhontso Uvule
Ngokusemthethweni I- Noodsberg
Farmer Production Support Unit

“
Kungani Intengo Ye-RV
Ibalulekile Embonini Kashukela
eNingizimu Afrika

PAGE
10- 11



Address: KwaShukela,
170 Flanders Drive,
Durban, South Africa,
4300

Mobile: 031 508 7283
Email: info@sa-fda.org.za

Website: www.sa-fda.org.za
Twitter: SAFDA_farmers

Thriving rural communities / Thriving rural economies





CONTENTS

03 04	I-SAFDA Izogubha Iminyaka Eyishumi Yasungulwa: Ishumi Leminyaka Lokuhlonyiswa Nokuthuthukiswa Kwabalimi
05 07	Ungqongqoshe wezolimo kanye nemeko yemboni kashukela ivula mboni indlela eya phambili kwabalimi abasathuthuka.
08 09	UNgqongqoshe uMzwanele Nyhontso Uvule Ngokusemthethweni I-Noodsberg Farmer Production Support Unit.
10 11	Kungani Intengo Ye-RV Ibalulekile Embonini Kashukela eNingizimu Afrika.
12	Uhulumeni Uthembise Ukuvikela Imisebenzi Embonini Kashukela.
13	Intela Yoshukela Ayizukushintsha ngeSabelomali sika-2024: Impumuzo Yabalimi Abadonsa Kanzima.
14 16	Kuhlelwa kwemhlangano webalimi bemoba labasafufusa eNkomazi Mpumalanga nga 2025/26.
17 18	I-M10 Farming Enterprise ibungaze intuthuko yayo ngokwesekwa i-SAFDA noMnyango.
19 20	I-SAFDA isingathe i-AGM eSnamfini, KwaMaphumulo.
21 22	I-SAFDA isingathe Inkomfa Yobuholi e-Aloe Lifestyle, Eshowe.

Inhlangano yebalimi I SAFDA itawubungata iminyaka lelishumi yasungulwa; iminyaka lelishumi yekukhulisa, kutfutukisa netingucuko.



"Zenzele noma ubhekane nemiphumela," kusho umholi wezenkolo waseMelika uLouis Farrakhan, okuwumuzwa onamandla owathinta ngokujulile abalimi abamnyama embonini kashukela eNingizimu Afrika eminyakeni eyishumi edlule. Ngo-2015, labalimi, bexinwe yinhlangano ephethwe ngabamhlophe ababekholelwa ukuthi abazinaki izicelo zabo zokulethwa koshintsho, banquma ukuziphendlela ikusasa labo. Lesinqumo bafika kuso ngenxa yokwehla kwenani labalimi abasathuthuka, inani labo elehla lisuka ku-50,000 kuqala u-2000 laya ku-20,000 maphakathi no-2010. Kulo mzabalazo, i-South African Farmers Development Association (SAFDA) yazalwa inhlangano eholwa abalimi eyayizibophezele ekuletheni ushintsho, intuthuko kanye nokusimama ngenkathi inikeza impilo entsha emnothweni wasemakhaya.

Imboni kashukela, ebeyisisekelo somkhakha wezolimo waseNingizimu Afrika, kwase kuyisikhathi eside ilawulwa isikhungo esinamandla esasibonakala singenandaba nezidingo zabalimi abancane. Ngokuzimisela ukunciphisa ukwehla kwabalimi nokuvikeleka kwezwindaba zabo, labalimi babumbene basungula i-SAFDA. Umgomo wabo wawucacile: ukuthuthukisa abalimi abamnyama, ukumisa

ukwehla kwemiphakathi yasemakhaya, kanye nokugqugquzela ikusasa elisimeme lemboni.

Eminyakeni yayo yokuqala, i-SAFDA ibhekane nezinsalelo ezinkulu. Enye yezimpi zayo zokuqala ezinkulu yaba KwaShukela, ikomkhulu le-South African Sugar Association, lapho lenhlangano ibhekene ngqo nezinhlela ezithintekayo embonini mayelana nezindaba zokulingana nokumelwa kwabalimi abasathuthuka. Lemizamo iholele kwimashi eyaba ingqopha-mlando eya ePhalamende, lapho iSAFDA ibifuna ukuhlonishwa embonini kashukela. Ngokuphikelela nokusebenza ngokubambisana, i-SAFDA yazakhela igama njengomfela-ndawonye onamandla amakhulu, iqinisekisa ukuthi amazwi abalimi abamnyama ngeke esashaywa indiva.

“

Ngo-2025, iminyaka eyi-10 ye-SAFDA ingaphezu komgubho, kuwubufakazi bokuqina, ukuhlonipha inqubekela-phambili, kanye nesithembiso sokuqhubeka nokuphokophela phambili. Umlayezo ucacile: umsebenzi usekude ukuphela, kodwa isisekelo siqinile, futhi ikusasa liqhakazile.

“



Indvuna etiko letekulima nemkhakha wekukhucita shukela sebakhe indlela leya emphumelelweni yebalimi labasafufusa.



UCedric Mboyisa no-Seelan Naidoo

Abaholi bemboni kashukela nabalimi abasathuthuka (SSGs) babe nomhlangano othele izithelo noNgqongqoshe wezoLimo uJohn Steenhuisen kuNhlolanja KwaShukela. eMount Edgecombe. Okugxilwe kukhona kakhulu kulomhlangano kube ukuhlonyiswa nokusimama kwama-SSG. Ithimba lemboni lihlanganise iSouth African Sugar Association (SASA), iSouth African Farmers Development Association (SAFDA), SA Canegrowers' Association (SACGA), i-South African Sugar Millers' Association (SASMA) kanye nabamele izikhulu zezinkampani ezigayayo. UMqondisi Omkhulu wakwa-SASA uSifiso Mhlaba wethule inkulumo ebixile emsebenzini owenziwe yimboni ukuqinisekisa ukusimama kwemboni, ikakhulukazi, ngaphansi kohlelo lokuguqula lwesigidigidi samarandi kanye noHlelo Olukhulu Lochungechunge Lwentengo Yomoba kuze kube ngu-2030.

Amalungu emboni aphinde azwakalisa

ukuzibophezela kwawo emkhankasweni wama-SSG, bobabili abakwa-SAFDA nabakwa-SA Canegrowers bavumelana mayelana nokuqinisekisa ukusimama kwama-SSG. Emazwini akhe, uNgqongqoshe u-Steenhuisen ugcizelele ukuthi ukunika amandla kwama-SSG kufanele kulandele indlela ebheke phansi ukuze kuqinisekiswa ukusebenza kahle kwayo. Ubophezele umnyango wakhe ekusekeleni ama-SSG. Ugcizelele ukubaluleka kokwenza ubudlelwano phakathi kwezinkampani ezizimele nezikahulumeni. Selokhu athatha izintambo kweZolimo, uNgqongqoshe ukubeke kwacaca ukuthi, "UMnyango kumele uzibeke njengesizinda sokwakha ubudlelwano kuwo wonke umkhakha wezolimo. Ubambiswano luyisisekelo okwakhiwe phezu kwaso ukukhula okusimeme."

Odabeni lwentela kashukela, u-Steenhuisen ukugcizelele ukuthi isimo sakhe asikashintshi, nokuthi usalokhu eseka isikhundla semboni mayelana nentela kashukela edla lubi, okuholele eculahlekeni kwemali eyizigidigidi zamarandi





kanye nokulahleka kwemisebenzi okukhulu. Uphinde wezwakalisa ukweseka kwakhe imizamo yokwehlukahlukana kwemboni ukuqinisekisa ukusimama kwalo mkhakha. Lokhu ukulandele ezinkundleni ezehlukene, njengemibiko yakamuva yabezindaba lapho ecelekhona ukuthi imboni isekelwe emizamweni yayo yokungena emakethe ye-biofuels.

Kule minyaka engamashumi amabili nantathu edlule, kube nokwehla okukhulu kwenani labo bonke abalimi abasathuthuka (ama-SSG), abebehlale bebaningi ngokwezibalo,

ngenxa yezinselelo ezinzima ezidicilele phansi imboni kashukela. Umlimi osathuthuka uletha amathani angaphansi kwamathani angu-225 elibuyiselekayo esikhathini esiyiminyaka emine. Mayelana nomthamo womoba, lokhu kuzolingana nokuletha isilinganiso esingaphansi kwamathani kamoba ayi-1,800 ngesizini ngayinye. Ukuqhathanisa phakathi kuka-2001 no-2024 kuveza isithombe esilandelayo esikhathazayo mayelana nokwehliswa okumangalisayo kwezinombolo zabalimi abasathuthuka:

	31 March 2001	31 March 2024	Difference
Number of SSGs	50 561	24 015	26546
Number of LSGs	1779	1157	623



Isimo esibi sama-SSG kwenze kwadingeka ukungenelela okuqinile kwe-SASA nabaholi bezimboni, yingakho kwafakwa uhlelo lokuguqulwa kwezigidigidi zamarandi. Isilinganiso sama-SSG angu-13 349 ngesizini ahlomule ku-Transformation Intervention Fund kusukela ngesizini ka-2019/2020. I-SASA isebenzise izigidigidi ezi-R1.09 ezinhlelweni zokungenelela/zoguquko, ikakhulukazi ukuze kuhlomule abalimi abamnyama abasafufusa (SSGs). Ezigidigidini ezi-R1.09, ama-SSG athole u-R700.55 million, abalimi abakhulu (ama-LSG) athola u-R254.47 wezigidi kanti inani lezinye izinhlelo zokungenelela kwabamnyama lifinyelele ezigidini ezi-R137.88. Ngaphezu kwalokho, ukwelulwa kwezimali zoguquko (izigidi ezingama-R238.9 kulesizini yamanje) kuzoqhubekanokubanomthelela omuhlekuma-SSG kanye nakubalimi abamnyama bebonke. Izigaba ezimbili ezinkulu zokungenelela zikhona

- ukungenelela okusekelwe ekuhanjiseni komoba kanye nokungalethwa.

Umbandela wokuthola lemali yesibonelelo sikahulumeni wukuthi abalimi babe abalimi abakhuthele nabahambisa umoba emishinini. Ngaphandle koxhaso lokulethwa kukamoba olubhekiswe kubalimi abamnyama, izibonelo eziyimpumelelo zoxhaso zihlanganisa iphrojekthi yokulungiswa kwengqalasizinda ka-R46.5 wezigidi zamarandi esifundeni saseNkomazi (esizuzise kakhulu ama-SSG nokuholele ekutheni kusungulwe amahektha angama-300 omoba), kanye nokufakwa kwe-dummy spiller (R7.6 million) kwi-Gledhow kashukela ngama-SSGs, lokho kwehlise izikhathi zokushintshwa kwe-SSG nezindleko zokuthutha.



Isigaba sokuqala sohlelo Sugarcane Value Master Plan olubaluleke kakhulu luka-2030



Iuqinise isisekelo esidlalwa ama-SSG. Inani eliphansi lika-R60 million le-Premium Price Payment (PPP) kuma-SSG oluyingxeny ye-Master Plan, esikhathini esingamasizini amathathu (2021/2022 kuya ku-2023/2024), labelwa, likhuphuka minyaka yonke lafinyelela ku-R68 051 340 ngesizini ka-2023/2024. Isizini ka-2023/2024 bekumele ibe unyaka wokugcina we-PPP. Kodwa-ke, ngomhla zingama-20 kuNdasa ka 2024, uMkhandlu we-SASA wagunyaza ukwelulwa kwePPP ibe ngu-2024/2025 ngokulungiswa kokwehla kwamandla ezimali, okusho ukuthi isabelo salesizini saba u-R71.08 million.

Umqondo wawulula, ama-SSG ahlushwa ukuwohloka komnotho futhi adinga indlela yokusekelwa kwamanani esikhathini esifushane nokuyilapho ukungenelela kwesikhathi eside kusemqoka. Lokhu kusekelwa kwentengo eyengeziwe kube yimpumelelo njengoba izinombolo namathani asuka kuma-SSG akhuphuka kusukela yethulwa.

Ngezifundo ezechukene ezixhaswe yimboni, imboni ikwazile ukukhomba izinselelo noma izinto ezithiya ukukhula okulindelekile kwama-SSG ngocwaningo olubandakanye abalimi abangaphezu kuka-2,500. Ezinye

zalezici kube ukuthola umhlaba kanye nemali. Okudingekayo manje ukuthi kugxilwe ezindaweni esezihlongoziwe. Mancane amathuba okuthi ama-SSG anwebe indawo yawo ngaphansi komoba ngenxa yokungabi khona komhlaba kanye nokunetshwa kwamapulazi kamoba ezindaweni zasemakhaya e-KZN naseMpumalanga. I-SASA izoqinisekisa ukuthi ukuntuleka komnotho, amabanga amade ezokuthutha kanye nezindleko eziphezulu zosonkontileka, kuyancishiswa izibonelelo nokunye ukwesekwa kwabalimi abasathuthuka.



Ngakho-ke isu lesikhathi eside liwukuqinisekisa ukuthi abalimi abasathuthuka bahlala belima umoba futhi bayathuthuka ngokukhiqiza okuthuthukisiwe esikhathini esifushane. Lolulwazi luzosiza ekuthuleni amasu azosebenza futhi asize ama-SSG. Imboni manje isebenzela ukuhlenganisa uhlelo lokuthuthukisa izimpilo zama-SSG embonini yonkana. Lokhu kuyingxenyeyesigaba sesibili se-Master Plan, okusazosayinwa futhi kwethulwe, njengoba isigaba sokuqala siphothulwe ngo-31 kuNdasa ka 2023.

UNgqongqoshe uMzwanele Nyhontso Uvule Ngokusemthethweni I- Noodsberg Farmer Production Support Unit



Umkhakha weZolimo KwaZulu-Natali uthole umfutho omkhulu ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni i-Noodsberg Farmer Production Support Unit (FPSU) nguNgqongqoshe uMzwanele Nyhontso. Le FPSU ingenye kweziyisithupha ezakhiwe esifundazweni njengengxenye yokuzibophezela kukahulumeni ekuqiniseni umnotho wasemakhaya kanye nokweseka abalimi abasathuthuka.

Lomcimbi ubuhanjelwe yizikhulu zikahulumeni eziphezulu okubalwa kuzo uNgqongqoshe weZolimo KwaZulu-Natali, uHon. Thembeni Madlopha-Mthethwa, othembise ukweseka ama-FPSU futhi wagcizelela iqhaza lawo ekuletheni ushintsho kulomkhakha. "Lama-FPSU abalulekile ekwenzeni ngcono izimpilo zabalimi abasathuthuka. Ngiyeseka ngokugcwele i-SAFDA njengenqola yabo bonke abalimi, lapho iqinisekisa ukuthi akekho osalayo kwimizamo yethu yokuthuthukisa ezolimo".

Bekukhona neNkosi yeSizwe sakwaGcumisa, uNdabezitha-Gcumisa, ozwakalise ukujabula ngentuthuko enhle eyenzeka endaweni yakhe. Uncome loluhlelo wanxusa uhulumeni ukuthi aqhubeke nokusebenza ngokuzikhandla ukufukula imiphakathi yasemakhaya. "Lama-

FPSU awuphawu lwenqubekela-phambili, futhi ngikhuthaza abaholi bethu ukuthi baqhubeke nokutshala izimali ezinhlelweni ezisiza abantu bakithi bathuthukise izimpilo zabo," esho egcizelela.

Ushintsho olukhulu kubalimi base-Noodsberg

Ekhuluma kulomhlangano wabalimi, ababambiqhaza kulemboni, kanye nabamele uhulumeni, uNgqongqoshe uNyhontso ugcizelele ukubaluleka kwama-FPSU ekuguquleni isimo sezolimo. "Lesikhungo silethe ushintsho kubalimi abasathuthuka base-Noodsberg namaphethelo. Sihlinzeka ngengqalasizinda edingekayo, izinto zokusebenza, kanye nezinsiza zokusiza abalimi ukuthuthukisa umkhqizo wabo kanye nokufinyelela ezimakethe," esho.





I-Noodsberg FPSU yakhelwe ukusebenza njengendawo emaphakathi lapho abalimi bengafinyelela khona bezothola lokhu okulandelayo:

• ***Isevisi yemishini – Ogandaganda, izinto zokulima, namathuluzi okuvuna.***

• ***Izinsiza zokwenza i-agro-processing - Ukwengezwa inani lemikhiqizo eluhlaza.***

• ***Izindawo zokugcina impahla nezitshalo - Ukunciphisa ukulahlekelwa ngemuva kokuvuna.***

• ***Ukwesekwa nokuqeqeshwa kwezobuchwepheshe - Ukunikeza abalimi amandla ngokuqeqeshwa kwezolimo.***

Ukusungulwa kwama-FPSU ayisithupha KwaZulu-Natali kuyingxeny e yohlelo olubanzi lokuhlomisa abalimi bendawo ngezinsiza ezidingekayo ukuze baphumelele. I-SAFDA (South African Farmers Development Association), ngokubambisana ne-Department of Agriculture, Land Reform, and Rural Development (DALRRD), isibambe iqhaza elikhulu ekwethuleni loluhlelo.

Isinyathelo Esibheke Ekulimeni Okuyinqubekela-phambili

Bukhuluma kulomcimbi, ubuholi be-SAFDA buveze umthelela wama-FPSU emkhakheni weZolimo. “Lendawo ayigcini nje ngengqalasizinda, kodwa ithinta nokwakha amabhizinisi okulima asimeme. Ngokuhlinzeka ngosizo oludingekayo, siqinisekisa ukuthi abalimi bethu bangaba neqhaza elibonakalayo emnothweni weZolimo wakulelizwe” kusho uSihlalo Ophezulu we-SAFDA uDkt. Siyabonga Madlala.



Ukuvulwa kwama-FPSU ase-Noodsberg kuyingqophamlando emizamweni kahulumeni yokuthuthukisa abalimi basemaphandleni nokuthuthukisa ukutholakala kokudla eNingizimu Afrika. Impumelelo yaloluhlelo izobhekwa ngeso elibukhali njengoba imiklamo efanayo iqhubeka nokusatshalaliswa ezweni lonke.





Kungani Intengo Ye-RV Ibalulekile Embonini Kashukela eNingizimu Afrika



Intengo yomoba I-Recoverable Value (RV) ibalulekile embonini kashukela yaseNingizimu Afrika njengoba inomthelela ngqo emalini etholwa abalimi bomoba kanye nenzuzo iyonke yemboni kashukela. Intengo ye-RV iqinisekisa ukuthi abalimi bayanxeshazelwa ngomkhiqizo wabo ngokusekelwe izimfanelo kanye nenani likashukela okhishwa umoba wabo. Kuyindlela yokwenza amanani ebesobala okusiza ukubhalansisa kokufunwa abalimi, abemishini egayayo, nabanye ababambiqhaza embonini kashukela. Uma inani le-RV libekwe ngendlela efanele, liqinisekisa ukuthi abalimi bayakhokhelwa ngemizamo yabo, isikhathi, nezinsiza abazifakayo ekulimeni umoba. Ukuqonda ukuthi kungani intengo ye-RV ibalulekile kungasikhanyisela ngemithelela yayo ebanzi kubalimi, abemishini egayayo, kanye nomnotho wendawo. Nansi incazelo yokuthi kungani intengo ye-RV ibaluleke kangaka:

- Uhlelo lokukhokhela i-RV Price, olwaqalwa ngo-2000, luhlose ukugqugquzela abalimi ukuthi bakhqize umoba oqukethe i-sucrose ephezulu nokuqukethe i-fiber content ephansi, ukuqinisekisa ukuthi isinxephezelo sihambisana nekhwalithi nenani likashukela okhizwayo. Uhlelo lokukhokhela i-RV Price ludlala indima yokulinganisa phakathi kochungechunge lwenani likashukela, luqinisekisa ukuthi abalimi nabagayi bahlala benemali, lukhuthaza izinhlangothi zombili ukuthi zisebenze ngokuzinza, futhi zabelane ngenzuzo yezimakethe zikashukela ezinempilo, nezinokuncintisana okuhle.
- Imboni kashukela eNingizimu Afrika ibambe iqhaza elikhulu kuMnotho Kazwelonke, ihlinzeka ngemisebenzi ezinkulungwaneni zabantu, ngokuqondile nangokungaqondile. Intengo ye-RV isebenza njengendlela yokusimamisa imboni ngokuqinisekisa ukuthi abalimi bahlala beqhudelana futhi benza inzuzo. Uma abalimi benxeshazelwa ngendlela efanele ngomoba wabo, kuholela ekuzinzeni okukhulu kwezezimali emiphakathini yasemakhaya ethembele embonini kashukela ukuze iziphilise.
- Intengo ye-RV inikeza uhlaka lwenkokhelo olusobala noluthembekile, olusiza ukugwema izingxabano futhi lukhuthaze ukwethembana phakathi kwabalimi nabemishini yokugaya umoba. Lokhu kubeka izinto obala kuqinisekisa ukuthi abalimi bakhokhelwa ngendlela efanele futhi engaguquguquki ngokudiliva umoba wabo, futhi kuncipha nokuxhashazwa nokungaqondi kahle.
- Intengo ye-RV inomthelela oqondile ezingumweni ezenziwa abalimi bomoba. Intengo ephezulu ye-RV ikhuthaza abalimi ukuthi bakhulise umkhiqizo, bakhqize umoba wekhwalithi ephezulu, futhi likhuthaza abalimi ukuthi batshale imali emikhubeni yokulima ephumelelayo.
- Uma intengo ye-RV iphezulu, abalimi banomdlandla wokwandisa izivuno zabo futhi bathuthukise ikhwalithi yomoba wabo. Lokhu-ke kuzuzisa imboni yonkana ngoba kuphuma ushukela oseqophelweni eliphezulu.



• Intengo ye-RV ayinqunywa nje izici zendawo kodwa futhi ithonywa okuningi ezimakethe, okuhlanganisa amanani kashukela emhlabeni wonke, umnotho, nezivumelwano zohwebo zamazwe ngamazwe. Isibonelo, uma intengo kashukela emhlabeni yehla kakhulu, ingaholela ekwehleni kwenani le-RV, okunomthelela ngqo emalini engenayo yabalimi. Ngokufanayo, ukushintsha-shintsha kwezinga lomnotho phakathi kweRandi laseNingizimu Afrika kanye nezimali zakwamanye amazwe kungaba nomthelela kwintengo ye-RV.


Isimo senani le-RV kusizini ka 2024/2025

Nyanga zonke, imboni kashukela ibala bese imemezela i-RV Price yesikhashana, esiza ekunqumeni ukuthi yimalini abalimi bomoba abazokhokhelwa yona uma bewuletha,

ngokusekelwe esilinganisweni sikashukela kanye nenani likashukela elitholwe kumoba wabo. Intengo ye-RV yesikhashana iyashintsha-shintsha njalo ngenyanga futhi ilungiswa ngokusekelwe kulokhu:

- Inani lokukhiqizwa kukashukela
- Isilinganiso sokushintshanisa esilinganiselwe esingu-R/\$
- Intengo yemakethe yomhlaba enesisindo engunombolo.11
- Izindleko zembali ezihlobene nokugaywa komoba
- Ukuthengwa nokudayiswa kwashukela endaweni
- Inani likashukela elithunyelwa ngaphandle
- Inani likashukela ongena kulelizwe
- Ukusebenza jikelele kwembali kashukela

Ukwehla nokunyuka kwentengo kwesizini ka-2024/2025 okumenyezwe Intengo ye-RV yesikhashana kuboniswa kugrafu engezansi:



Intengo yokugcina emenyezwe ye-RV yesizini ka-2024/2025 yokulethwa kukamoba imenyezwe ku-R7 665, 63 ngethani ngalinye le-RV. Lokhu kumelele ukwenyuka ngo-R235, 87 ngethani ngalinye le-RV uma kuqhathaniswa nenani lokugcina elimenyezwe le-RV ngesizini edlule (2023/2024). Ukwenyuka kudalwe kakhulu ukubuyiswa kwengxenywe yesigatshana 175 sentela evela kwaTongaat Hulett Limited kanye ne-Gledhow Sugar Company (Pty) Ltd, efinyelele kwisamba semali engu-R549 322 607.

Isiphetho

Intengo ye-RV iyisisekelo semboni kashukela yaseNingizimu Afrika, iqinisekisa indlela

yesinxephezelo efanelekile, esobala, futhi ezinzile yabalimi. Kunomthelela ezinqumweni zokukhiqiza, ukutshalwa kwezimali, kanye nokusimama, kuyilapho futhi kuqinisekisa impilo yezezimali yembali kashukela ebanzi. Ngokuhlanganisa isinxephezelo sabalimi nokushintsha-shintsha kwezimakethe kanye nekhwalithi yokukhiqiza ushukela, intengo ye-RV ikhuthaza ukwethembana nokuzinza phakathi kwabalimi bomoba kuya kubagayi kanye nomnotho obanzi. Kanjalo, intengo ye-RV ayisiyona nje inombolo; kuyisici esibalulekile ekulolongeni ikusasa lemboni kashukela yaseNingizimu Afrika kanye nokweseka izimpilo zezinkulungwane zabalimi bomoba, ikakhulukazi abalimi abasathuthuka.



Uhulumeni Uthembise Ukuvikela Imisebenzi Embonini Kashukela



Imboni kashukela idlala indima enkulu emnothweni wasemakhaya KwaZulu-Natali naseMpumalanga, futhi ukubaluleka kwayo ngeke kushaywe indiva. Njengamanje, leboni ihlinzeka ngemisebenzi eqondile elinganiselwa ku-65 000, abantu abasebenza emapulazini, emishinini yokugaya, neminye imisebenzi ehlobene nayo. Phezu kwalokho, isiyakhe imisebenzi engaqondile engaphezu kuka-250 000, njengaleyo yezokuthutha, yokupakisha, kanye namabhizinisi amancane ancike ekukhiqizweni kukashukela. Seku konke, kulinganiselwa ukuthi abantu abayisigidi bathembele embonini kashukela ukubeka ukudla etafuleni futhi bondle imindeni yabo.

Nokho, imboni iye yabhekana nezikhathi ezinzima eminyakeni yamuva. Intelu Yoshukela, eyethulwe ngo-2018, yawushaya kakhulu lo mkhakha. Yengeze ezinkingeni ezikhona njengokukhuphuka kwezindleko zezinto ezifana nophethiloli nomanyolo, amanani kashukela emhlabeni wonke angalindelekile, nezinselelo zesimo sezulu njengesomiso nezikhukhula. Ngokocwaningo oluzimele lweNedlac, i-Sugar Tax idale ukulahleka kwemisebenzi okungenani engu-16 000 onyakeni wayo wokuqala kuphela. Imali eyizigidigidi zamarandi yanyamalala, izigayo zikashukela ezimbili KwaZulu-Natali kudingeke ukuthi zivale iminyango yazo unomphela, okushiye abasebenzi nemiphakathi isenkingeni.

NgoNovemba 2024, uhulumeni wahlangana nemboni kashukela futhi wazibophezela ukusiza. IPhini likaNgqongqoshe wezoHwebo, izimboni nemincintiswano, uMnuz Zuko Godlimpi, nePhini likaNgqongqoshe weZolimo, uNkk Nokuzola Capa, yibona abebehola lelicala. Bazibophezele ekusekeleni imboni

kashukela ngokudala indawo engcono ukuze ikhule, ihlukanise, futhi, okubaluleke kakhulu, ivikele imisebenzi. Lesi sithembiso sicace nakakhulu enkulumeni yesabelomali yakamuva kaNgqongqoshe wezeziMali uMnuz Enoch Godongwana. Umemezele ukuthi ngeke kuphinde kukhushulwe intela kashukela futhi welula nesimiso sokumiswa, noma ukumisa, ukuyinyusa. Lokhu kusho ukuthi intela ngeke inyuke okwamanje, okuzonikeza imboni indawo yokuphefumula.



I-South African Farmers Development Association (SAFDA) ikubona lokhu njengesinyathelo esikhaliphile futhi esihle. Kuyithuba lokuthi imboni kashukela ilulame emonakalweni owenziwe yi-Sugar Tax selokhu yaqala. I-SAFDA inethemba elikhulu lokuthi uhulumeni uzosigcina sisebenza lesi sinqumo kuze kube okungenani u-2030, ngokuhambisana ne-Sugar Value Chain Master Plan. Lokhu kuzonikeza imboni isikhathi esanele

sokuhlola amathuba amasha futhi ihlukanise, isuke ekuthembeleni kushukela kuphela. Ngokwenza izinto ezihlukahlukene, imboni ingaba namandla futhi izinze, kuqinisekiswa ukuthi imisebenzi iyavikelwa futhi imiphakathi yasemakhaya iyaqhubeka nokuthuthuka. I-SAFDA ikholelwa ukuthi ngalokhu kusekelwa, imboni kashukela ingabuyela emuva futhi yakhe ikusasa eliqhakazile kubalimi, abasebenzi, nawo wonke umuntu othembele kuyo.





Intela Yoshukela Ayizukushintsha ngeSabelomali sika-2024: Impumuzo Yabalimi Abadonsa Kanzima



Inhlangano YaseNingizimu Afrika Yokuthuthukiswa Kwabalimi (i-SAFDA) isamukele isimemezelo eNkulumweni Yesabelomali Sikazwelonke esenziwe nguNgqongqoshe Wezezimali, uNom. Enoch Godongwana, ukuthi i-Health Promotion Levy (intela kashukela) izohlala ingashintshile. Lesi sinqumo siza njengempumuzo kubalimi bomoba abancane kanye nemboni kashukela ngokubanzi, ebibhekene nobunzima obukhulu kwezomnotho kule minyaka edlule.

Imboni kashukela isalokhu iyinsika ebalulekile emnothweni wezolimo waseNingizimu Afrika, isekela izinkulungwane zezindlela zokuziphilisa, ikakhulukazi emiphakathini yasemakhaya. Noma yikuphi ukwenyuka kwentela kashukela bekungaba usongo olukhulu kubalimi bethu. Ngokugcina intela kashukela isezingeni layo lamanje, uhulumeni unikeze ukuzinza okudingeka kakhulu, okuvumela abalimi ukuba bagxile ekwandiseni umkhiqizo kanye nokusimama. Ukumiswa kwentela kashukela okukhona njengamanje kuzovumela imboni kashukela ukuthi iqhubeke nezinhlelo zayo

zokuhlukahluka. Siyasithokozela isinqumo sikahulumeni futhi sibheke ngabomvu ukuqhubeka nokuxoxisana nohulumeni ukuqinisekisa ukuthi umkhakha kashukela uhlala ubambe iqhaza eliqinile futhi elisebenzayo emnothweni waseNingizimu Afrika.

Intela kashukela yethulwa ngo-2018 njengengxenywe yomzamo kahulumeni wokunqanda ukusetshenziswa kukashukela nokukhuthaza impilo enempilo, ibe nomthelela omkhulu embonini kashukela. Noma lentela bekuhlolwe ngayo ukunciphisa ukukhuluphala ngokweqile kanye nezinkinga zempilo ezihlobene nayo, iphinde yabeka ubunzima obukhulu emkhakheni kamoba wendawo, ohlinzeka ngezinkulungwane zemisebenzi ezindaweni zasemaphandleni.

“Lesi sinqumo siza njengempumuzo kubalimi bomoba abancane kanye nemboni kashukela ngokubanzi, ebibhekene nobunzima obukhulu kwezomnotho kule minyaka edlule.”



Imihlangano Yokuhlela Isizini ka-2025/26 Yabalimi Abasathuthuka Bomoba eNkomazi-Mpumalanga.



Ukusebenzisana nabalimi abasathuthuka bakamoba ngesizini ka-2024/25 kunikeze ithuba lokubhekana nezinsalelo eziyingqayizivele nezinto ezahlukeni zemboni, ikakhulukazi endaweni eniselwayo endaweni eguquguqukayo yezomnotho namandla. Abalimi ngo-2024 babhekane nezingqinambaezinkulu, okuhlanganisa nezindleko zikagesi wokunisela ngenkasa (Isabelomali esingaphezu kuka-R39 000 000 samahektha ayi-5703 ngaphansi kommoba eKomati kuphela ukuze kusetshenziswe ugesi ngesizini ka-2024), izindleko zokuchelela ezivela emabhodini okunisela angashintshiwe, ukuphakela imfuyo komoba ngenxa yokungabibiyelwa kahle, ukugcwala kwe-RSD komoba, ukwehlisa izinga likamoba okhizizwa esifundeni kanye nokwehla okukhulu kwesivuno (samathani angama-75/ha uma kuqhathaniswa namathani angama-77/ha ngo-2023 abalimi abasathuthuka baseKomati).



kashukela kulandela ukutakulwa kwebhizinisi okwenziwe kwenye Yezigayo eziye zayeka ukusebenza ngonyaka odlule. Ukukhula ngokwezimali kwadambisa ezinye zezingcindezi abalimi abancane ababhekana nazo, kwabanika isivikelo esidingeka kakhulu ukuze banciphise imiphumela yokukhuphuka kwezindleko zokulima.

Ukuqinisa Ukuhlelwa Kwezimali Zokulima

Esifundeni saseNkomazi, abalimi bomoba abasafufusa abaphakela umoba ku-RCL Komati Mill bayahlomula emibuthanweni yangaphambi koMhlangano Omkhulu Wonyaka (pre-AGM). Le mihlangano, ehlelelwe amakomiti aphezulu ngokubambisana nosomnotho, idlala indima ebalulekile ekulungiseleleni isabelomali sezinhlelo ezahlukeni zezinhlelo zokuchelela.

Ukuhlelwa Kwezimali

Inhloso esemqoka yale mihlangano eyandulela i-AGM ukusungula izinhlelo zezezimali eziqinisekisa ukuthi abalimi bangakwazi ukugcina izindleko zabo zokunisela unyaka wonke. Isibonelo, isikimu sokunisela esinamahektha angama-350 sibiza izindleko zikagesi ezilinganiselwa ku-R1,800,000 ngesizini ngayinye (izinyanga eziyi-12). Izinga likagesi ngehektha ngalinye libalwa ngalendlela:



I-Rate ngehektha ngalinye = Izindleko zikagesi / Area under cane (AUC)

= R1,800,000 / 350
= R5,142 per hectare

Umlimi ngamunye ufaka u-R5,142 ihektha ngalinye elivuniwe ukukhokhela izindleko zikagesi wokumpompa amanzi okunisela. Njengoba isikhathi sokuvuna sisukela kuMbasa kuya kuZibandlela, futhi akubona bonke abalimi abavuna kanyekanye, i-akhawunti ezinikele yokonga ugesi iyasungulwa. Lokhu kuqinisekisa ukuthi umnikelo ngamunye uyafakwa futhi usetshenziselwe ukukhokhela izikweletu zanyanga zonke zakwa-Eskom kusukela kuMbasa kuya kuNdasa wonyaka olandelayo.

Izinhlelo Zokonga Zeqembu

Ngale kukagesi, izinhlelo zezezimali ezifanayo zisetshenziswa kwezinye izinhlelo zokonga zamaqembu ezifana ne-Irrigation Maintenance Scheme, iBulk Water Supply Service, kanye ne-Akhawunti Yenhlango Yabalimi. Le mihlangano yangaphambi kwe-AGM isiza ekuhloleni ukuthambekela kwezomnotho kanye nokunquma ukulungiswa okudingekayo

kubhajethi. Umsebenzi we-Economist kuleli cala ukuhlaziya amarekhodi eminyaka edlule kanye nokukhuphuka noma ukwehla okungenzeka kwekusasa likagesi, ukunakekelwa, kanye nezindleko zenhlango bese beluleka ngesabelomali ukuze kuqinisekise ukusimama kwezezimali kubalimi.

Izimali eziqoqwe ngehektha ngalinye zifakwa kuma-akhawunti ahlukahlukene, okuqinisekisa ukukhokhwa kwezikweletu okungaguquki unyaka wonke. Lolu hlelo luhlinzeka ngendlela ehlelekile yokwabelana ngezindleko futhi luvimbele ubunzima bezezimali kubalimi ngabanye.



Ukwenza isabelomali esingaphansi kufanele kugwenywe ngokucophelela, njengoba ukuntuleka kwezimali ezanele phakathi nesizini kuzodinga abalimi ukuthi bangezelele kwisabelomali sabo ngokubolekwa imali enenzalo. Kubalulekile ukuthi uchwepheshe wezomnotho avimbele lesi simo ngesikhathi semihlangano yangaphambi kwe-AGM ngokuqinisekisa ukuhlolwa kwezimali okuphelele.

Ukunikeza Abalimi Amandla Ngokuziqondiswa Kwezezimali

I Mihlangano yangaphambi kwe-AGM ibonakale ibalulekile ekukhuthazeni ukuziphatha kahle kwezezimali kanye nokusimama phakathi kwabalimi abasathuthuka. Ngokuhlala kusengaphambili, abalimi bangalindela izibopho zabo zezezimali, bafake isandla ngendlela ehlelekile, futhi baqinisekise izinsizakalo zokuchelela ezingaphazamiseki. Le ndlela esheshayo yezimali ayisizi abalimi



ngabanye kuphela kodwa iqinisa wonke umphakathi wabalimi bomoba eNkomazi.

Ngokuhlela amasu ezezimali kanye nezinyathelo ezihlangene, lezi zinhlelo zifaka isandla ekuzinzeni okuphelele kokutshala umoba, ukuqinisekisa ukuthi abalimi bangakwazi ukuqhubeka nokusebenza kwabo ngempumelelo nangenzenzo ngaphambi kwe-AGM yangempela ukuze abalimi bagunyazwe okokugcina.

Amathrendi Omnotho Ahlongozwayo Nezindleko Zokufaka Ngesizini ka-2025/26



Imboni kamoba yaseNingizimu Afrika kulindeleke ukuthi ibhekane nokuguquguquka okukhulu kwezomnotho ngo-2025, okuthonywa izimo zezimakethe zomhlaba, izinguquko zenqubomgomo yasekhaya, kanye nezindleko zokufaka ezishintshayo. Izinto ezibalulekile njengamanani kaphethiloli, izindleko zabasebenzi, amanani kamanyolo, nezindleko zikagesi kulindeleke ukuthi zibe nomthelela ezindlekweni zokukhiqiza kubalimi bakamoba.

Izindleko Zokwenza Umsebenzi ezihlongoziwe

1. Izindleko zikamanyolo: Ngenxa yezinselelo zokuthengwa kwempahla emhlabeni wonke kanye nesidingo esishintshayo, amanani kamanyolo kulindeleke ukuthi anyuke ngo-8-12% uma kuqhathaniswa no-2024. Ukwenyuka kwezindleko kuzoba nomthelela ikakhulukazi kumanyolo owenziwe nge-nitrogen, obalulekile ekukhuleni komoba.

2. Amaholo Abasebenzi: Ngenxa yengcindezi eqhubekayo yokwehla kwamandla emali kanye nokubuyekizwa kwenqubomgomo yezabasebenzi okungahle kube khona, amaholo abasebenzi basemapulazini kulindeleke ukuthi anyuke ngo-6-8%. Lokhu kukhuphuka kuhambisana nezinguquko zamaholo aphansi

kazwelonke ezibekwe uhulumeni.

3. Amanani Kaphethiloli: Amanani edizili, adlala indima ebalulekile ekusebenzeni kwepulazi kanye nokuhlelwa kwempahla, kulindeleke ukuthi ahlale eguquguquka. Ukwenyuka okulinganiselwa ku-5-7% kwezindleko zikaphethiloli kuzokwengeza ezindlekweni zokuhamba nezokusebenza kwemishini.

Izindleko zikagesi ziyakhuphuka kanye nezindleko zokuchelela

Okunye okukhathaza abalimi bomoba abaniselwa ngenkasa ngo-2025 ukukhuphuka kwezindleko zikagesi. Ukulungiswa kwentengo kagesi okuhlongozwayo kwa-Eskom kukhombisa ukuthi amanani kagesi angase enyuke ngo-12-15%, kulandela iminyaka edlule yokwenyuka njalo.

Umthelela Kubalimi Abaniselayo

- **Izindleko Eziphakeme Zokumpompa:** Njengoba abalimi abaningi abasafufusa nabakhulu bathembeke ekuniseleni ngenkasa, amanani entengo kagesi anyuswayo azonyusa ngqo izindleko zokusebenza.
- **Izindleko Ngehektha ngalinye:** Uma amanani amanje kagesi enyuka ngesilinganiso esilindelekile, izindleko zehektha ngalinye zokunisela zingadlula u-R7, 000 ihektha ngalinye, okwenza ukuhlela izimali kube inselele.
- **Amasu Okunciphisa:** Abalimi kungase kudingeke basebenzise ezinye izixazululo zamandla, njengezinhlelo zokuchelela ezisebenza ngamandla elanga, futhi bathuthukise ukusebenza kahle kokusetshenziswa kwamanzi ukuze baqede imithwalo yezindleko.



I-M10 Farming Enterprise ibungaze intuthuko yayo ngokwesekwa i-SAFDA noMnyango



Emcimbini omkhulu futhi obalulekile emphakathini olima umoba KwaZulu-Natali, i-M10 Farming Enterprise iphothule futhi yethula ngokusemthethweni i-iphrojekthi ehlose ukuletha ushintsho elethwe i-Department of Land Reform and Rural Development. Lempumelelo okufinyelelwe kuyo ngokubambisana ne-South African Farmers Development Association (SAFDA), ikhombise ukuzinikela ekwakheni ukusebenzisana okuholwa abalimi nenghloso yokuletha ushintsho nentuthuko. kanye nokuqinisekisa ukuthi imboni iyazinja ezindaweni zasemakhaya.

I-M10 Farming Enterprise inkampani ezinze kuMasipala waKwaDukuza ongaphansi kweLembe futhi esidlale indima enkulu kwi-Proactive Land Acquisition Strategy (PLAS) kusukela yaqala ukuqasha ipulazi elingu-323-hectare elaziwa nge-Farm Margate ngo 2008. Lelibhizinisi eliphethwe amalungu amane omndeni owodwa aholwa ngu-Mnuz Manival Munusamy Govender, selibhekene nezinsalelo eziningi okubalwa kuzo isomiso kanye nezindleko ezinyukayo zokwenza umsebenzi. Kodwa njengoba sekwethulwe lephrojekthi entsha, lelipulazi libheke empumelelweni futhi

libukeka lizoba nekusasa eliqhakazile.

Uhlelo lokuthuthukisa lendawo obelune-business plan enohlonze eyenziwa ngu Bulisa Ngubane ngoNovemba 2022, lubandakanye ukubhekelelwa nokuthuthukisa ingqalasizinda nezinye izidingo zokusebenza. Imali yoxhaso evela kwi-Department of Land Reform and Rural Development yenze i-M10 yakwazi ukuthenga izinsiza-kusebenza esimqoka, okubalwa kuyo umanyolo kanye namakhemikhali abalulekile ekwenzeni imisebenzi yokunisela, kwaphinde kwakhiwa ne-workshop eseqophelweni eliphezulu kanye nezindawo zokuhlala abashayeli bogandaganda nabasebenzi abahlahla umoba. Ngaphezulu kwalokhu, kuphinde kwabiywa ngocingo kwambiwa nendawo yokugcina amanzi ukuze ahlale etholakala uma edingeka uma kutshalwa njengoba lelipulazi lisendaweni eyomile.



UDkt. Siyabonga Madlala, onguSihlalo Ophazulokwe-SAFDA ubeyingxenyeyalomcimbini wokunikezela ngoxhaso lwalephrojekthi nalapho aveze khona ukuncoma umsebenzi omuhle okwenziwe. Uncome kakhulu i-M10 Farming ngokwakha izindawo zokuhlala



abasebenzi eziseqophelweni eliphezulu, lapho atuse umsebenzi omuhle owenziwe ukuze kubuyiswe isithunzi sabantu abasebenza emapulazini. “Lezakhiwo akuzona nje izindlu, kodwa zibuyisa isithunzi nenhlonipho kulaba abasebenza emapulazini,” kuchaza uDkt. Madlala. “Lezakhiwo zikanokusho zikhombisa ukunakekelwa nokuhlonishwa kwabasebenzi bonke embonini yethu. Ngithanda ukubongela i-M10 Farming ngombono onzulu wabo nokuzinikela kuloluhambo.”

Ukuphothulwa kwalephrojekthi kukhombise inhloso ye-SAFDA yokunikeza abalimi amandla ngokubambisana nezinhlaka ezithile nokubatholela uxhaso. Njengabaqokiwe ukuba baguqule i-business plan ukuze ibeyimpumelelo, i-SAFDAidlale indima emqoka kulephroketi ngokuhambisana nezidingo ze-M10 Farming. USammy Moodley, odlala indima enkulu kulelibhizinisi ubonge kakhulu i-SAFDA noMnyango ngokwesekwa abakutholile kulezinhlangothi. “Iphupho lifezekile,” esho ngokujabula. “Usizo esiluthole alusisizanga kuphela ukulungisa amasimi ethu kodwa lwenze sakwazi nokuthuthukisa izimpilo zabasebenzi bethu.”

Njengoba i-M10 Farming Enterprise iqala ikhasi elisha, ukubambisana phakathi kwe-SAFDA, i-Department of Land Reform and Rural Development kanye nomndeni wakwa-Moodley kukhombise ngokusobala ukubaluleka ukunikeza usizo oluhambisana nezidingo zebhizinisi ukuze izinselelo ziphendulwe amathuba. Amazwi ka Dkt

Madlala ahlabe umxhwele. “Lokhu akube isibonelo esizosebenzela phezu kwaso lapho siphakamisa isithunzi, ukuzinza kwamabhizinisi kanye nentuthuko emapulazini asezindaweni zasemakhaya.” Njengoba sezikhona zonke izingqalasizinda, i-M10 isisendaweni enhle yokuthuthukisa umsebenzi wayo nokuqinisekisa ukuthi ibhizinisi layo liyazinja eminyakeni ezayo.





I-SAFDA isingathe i-AGM eSnamfini, KwaMaphumulo



Inhlangano ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) isingathe i-Annual General Meeting (AGM) eSnamfini, KwaMaphumulo, lapho kuhlanganyele ndawonye abaholi babalimi ukuze kudingidwe uhambo nemisebenzi esiyenziwe inhlangano.

Lomcimbi we-AGM, okungobalulekile kwikhalenda lenhlangano, ulethe ithuba lokudingida izinhlelo zenhlangano kanye nezinqumo ezahlukenene. Iholwa uSihlalo Ophezulu we-SAFDA, Dkt. Siyabonga Madlala, lomhlangano uqinisekise ukuthi amalungu athulelwa umbiko wezimali, imithetho emisha kanye nezinhlelo ezintsha ezihlase ukukhuphula izinga labalimi abasathuthuka nabasha embonini yomoba.

Enye yezinsika empumelelweni ye-SAFDA ukuzinikela ekuholeni lenhlangano ngobuqotho nangeqiniso, okusemahlombe ethimba labaholi bayo lenhlangano. I-AGM kube isigungu esihle sokuthi amalungu athole imibiko yakwa-SAFDA yezimali, impumelelo kanye nezinselelo ebezikhona kulonyaka odlule. Izingxoxo bezilawulwa izimiso ze-SAFDA zokubambisana, lqiniso, ukuthembeka nokusebenza ngokuzinikela – okukhombise ukuzinikela kwenhlangano ekuvikeleni abalimi bayo. Le-AGM iphinde yanikeza amalungu ithuba lokuxhumananobuholi, akwaziukuvezaizinselelo abhekene nazo kanye nemibono ezosiza



i-SAFDA iqhubekela phambili. Lokhu kuxhumana kukhombise ngokusobala ukuzinikela kwe-SAFDA ekuqhakambiseni inkululeko nokubandakanywa kwezinhlelo uma kuzokwenziwa izinqumo.

I-AGM ka 2024/25 ibibalulekile futhi yamukelwe ngezandla ezimhlophe njengoba ibibanjelwe esigodini sika Dkt. Siyabonga Madlala sase-Snamfini, KwaMaphumulo okuyindawo azalelwe futhi wakhulela kuyo. Ukusingatha lomcimbi kukhombise ukuxhumana phakathi kwabaholi be-SAFDA nemiphakathi yezolimo.

Ukukhombisa ubumbano kanye nokubonga, izithameli ziphiwe inkomo, ehlatshiwe yabe isidliwa umphakathi. Lolusiko aluzange nje luveze ukubaluleka kwalomcimbi kuphela, kodwa lukhombise Ubuntu be-SAFDA nokubuyisela okuhle kumalungu ayo.





I-AGM yase Snamfini iqinisekise amandla e-SAFDA njengenhlangano eholwa abalimi futhi enezimilo zokuphathwa ngendlela nasekusebenzeleni abalimi. I-SAFDA iyaqhubeka

nokuthembeka kumalungu ayo nokulwela abalimi abasathuthuka eNingizimu Afrika.





I-SAFDA Isingathe Inkomfa Yobuholi e-Aloe Lifestyle, Eshowe



Inhlangano ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) isingathe umhlangano wabaholi e-Aloe Lifestyle Eshowe, lapho kuhlangele khona abaholi babalimi abalinganiselwa ku-80 abebevela ezindaweni ezahlukene KwaZulu-Natal naseMpumalanga, abebhlanganisa abalimi abasathuthuka nalabo abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa umhlaba. Lenkomfa ibe isigungu sokuthi abaholi be-SAFDA baxhumane nobuholi babalimi, lapho bethule imibiko yenhlangano kanye nezinhlelo ezihlongoziwe.

Ngokuholwa uSihlalo Ophezulu we-SAFDA, uDkt. Siyabonga Madlala, lenkomfa igcizelele ukuzimisela kwenhlangano ukusebenza ngendlela enganamfihlo, ngokubambisana kanye nokumela abalimi abasathuthuka nabalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba. Lenkomfa ibiholwa ngu Thandokwakhe Sibiya, oyi Chief Operating Officer (COO) ye-SAFDA, oqinisekise ukuthi uhlelo luhamba ngendlela ehlekile.

Lenkomfa yobuholi inikeze ithimba Labaholi be-SAFDA ithuba lokuxhumana ngqo nezinhlelo ezimele abalimi ezivela ezifundeni ezahlukene.

Ukuba khona kwabaholi babalimi abavela ezindaweni ezahlukene, kwenze lenkomfa yaba isithangami esihle sokuxoxa phakathi kobuholi nabalimi.

Kulenkomfa, abaphethe iminyango ehlukeneyakwa-SAFDA bathule imibiko ethinta iminyango yabo ngokuhlukana, okubalwa lokhu okulandelayo:

- Izinhlelo zokusekela nokuthuthukisa abalimi
- Ukufinyelela ezimakethe namathuba ezomnotho kubalimi

• Imizamo yenqubomgomo kanye nokumela abalimi abasafufusa

• Inqubekelaphambili yokusebenza kanye nezinhlelo zamasu zesikhathi esizayo

Lezinkulumbo ezithuliwe bezihlose ukunikeza abaholi babalimi ulwazi, ukuqinisekisa ukuthi banayo yonke imininingwane ethinta intuthuko entsha namathuluzi ukuze baludlulisele kubalimi babo ngokuhlukana. Lemibiko iphinde yaqinisekisa izinhlelo ze-SAFDA zokuqhubeka nokuthuthukisa izinhlelo zokweseka abalimi abasathuthuka nalabo abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa umhlaba.

Ngaphandle kwemibiko ethulelwe abalimi,





lenkomfa iphinde yadlala indima emqoka ekuvezeni ukuthuthuka kwe-SAFDA. Ubuholi buhlaziye futhi bethula umbiko ngesimo se-SAFDA, lapho kubhekwe khona impumelelo kanye nezinsalelo ezibhekene nenhlango njengamanje. Izingxoxo ziphinde zadlulela ekudingideni ikusasa le-SAFDA nezinhlelo zenhlango lapho kugqanyiswe khona ukubaluleka kokuzinzisa inhlango, ukuqinisekisa ukuthi abalimi bayangena emnothweni wezwe kanye nokunikezwa kwabalimi amandla nokwesekwa.

I-SAFDA iphinde yaqinisekisa ukuzinikela kwayo ekulungiseni izingqinamba ezibhekene nabalimi abasathuthuka, okubalwa kuzo lezi ezilandelayo:

- Ukuthola uxhaso lwezimali nokuxhaswa ngezimali
- Ukwenza ngcono ukukhiqiza nokusimama kwepulazi
- Ukuthuthukisa ukuqeqeshwa kwabalimi kanye nokuthuthukiswa kwamakhono
- Ukuqinisa ukumeleleka kwabalimi ezingxoxweni ezibalulekile zezimboni

Ngalezinhlelo, i-SAFDA iyaqhubeka nokuqinisekisa ukuthi amalungu ayo alokhu ehamba phambili ngolwazi oluthinta intuthuko evelayo embonini nokuthi izwi labalimi liyazwakala futhi limelwe kwimboni yonkana.



Okunye okugqamile kulenkomfa kube ukubungazwa kwabaholi babalimi okwenziwe i-SAFDA ngendima ebalulekile abayidlalayo. Labaholi babayibhili eliphakathi kwenhlango nabalimi, okwenza kubelula ukuthi izinhlelo ezihlongozwa i-SAFDA zithulwe ngempumelelo ezindaweni zokusebenza, nokuthi abalimi bathole usizo abaludingayo.

Lenkomfa yabaholi ebibanjelwe e-Aloe Lifestyle

bekungasisona nje isigungu sokudlulisa ulwazi kodwa kube umhlango wokudingida umhlahlandlela, lapho kugqame khona imisebenzi eyenziwa i-SAFDA yokuletha ushintsho embonini yomoba nokukhuphula izinga labalimi abasathuthuka. Lomhlango ubonakalise inqubekela-phambili, ukubekezela kanye nezinhlelo zenhlango ye-SAFDA – okuwumhlahlandlela oqinile ukuze abalimi basekwe futhi banikezwe Amandla.

Uma sibheka phambili siwuSAFDA, izinhlelo ezifana nalezi zizodlala indima ebalulekile ekutheni abalimi bethu bahlale benolwazi kanye namandla okusebenza kahle embonini yezolimo ebonakala ithuthuka minyaka yonke. Lomcimbi ubeyisikhumbuzo esimqoka sokubaluleka kobumbano, ukubambisana kanye nobuholi obumbambisene ekuletheni impumelelo kubalimi baseNingizimu Afrika abasathuthuka.

